It is interesting to hear some of the reasons given by African girls for taking up nursing as a career. One student said she knew that many Africans still believed that if they were sick they were being threatened by enemies, and she wanted to convince them that sickness was due chiefly to their own carelessness in not keeping their bodies and clothes clean. Another said that she was greatly disturbed to find so many babies in her location dying before they reached the age of two years, probably due to ignorance of correct feeding. There is much food for thought

in both these statements, and we Europeans and Africans should ask ourselves whether we are each one contributing as much as we are able towards the welfare of the people of this land of ours.

I quote for your consideration the following challenging words of Raymond B. Forsdick:-

"Health is something that all men desire and there is no limited supply for which nations must compete. Public health work carries no threat to anybody, anywhere. Cancer and scarlet fever have no political ideology. There is no Communistic method of eliminating gambiae mosquitoes as distinguished from a Western democratic method. The principles of sanitary engineering do not bear a Russian or an American label. No difference exists between tuberculosis in the Soviet Union and tuberculosis in the United States. Infantile paralysis is the same thing in Moscow and in Washington, and human sorrow is no less poignant in one city than in the other. The work of disease and misery is not divided; it is a common world. In terms of human suffering the world is truly and tragically one world."

L. L. DAVIES.

*****WHEN CHRISTMAS COMES*****

Have you any old grudge you'd like
to pay,
Any wrong laid up from a bygone
day?

Gather them all now, and throw
them away
When Christmas comes.

Hard thoughts are heavy to carry,
my friend,
And life is short from beginning to
end;

Be kind to yourself, leave nothing
to mend
When Christmas comes.

Y.M.C.A. Newsletter.

THE KHUMALO FAMILY

Do you remember the Khumalo family? - Mr. Khumalo, who is a shoemaker in the village, his wife, and their three young children? It is December now, and Mrs. Khumalo is expecting her fourth child to be born soon.

* *

On Christmas Eve Mr. Khumalo shut up his shop wearily. There was a Christmas "rush" on, and he had worked hard for the past week or more trying to get his work finished before the holidays.

Dusk was softening the village, and lights shone in one or two windows. Among other workers returning home, Mr. Khumalo trudged along the side of the road, clear of the passing traffic. Behind him he heard a bus roaring along, and at that minute a cyclist passed him. The cyclist drew ahead, and then the bus, with lights blazing, thundered past. In the way of the bus Mr. Khumalo saw that the people had straggled across the road. He had a feeling of fear....but what could he do? He half-raised an arm, and in that instant the bus swerved inwards to avoid the stragglers....there was a bang, and he saw the cyclist flung to the ground by the side of the bus, which went roaring onwards oblivious of the injury it had done.

Anxious to help, Mr. Khumalo

ran to the crowd which had gathered around the fallen cyclist. Blood was streaming from his head, and his face was grey with shock. Somebody tied the wound with a handkerchief, and the crowd stood around questioning - was there anything they could do? The cyclist shook his head - he would be all right in a few minutes, he said.

One by one the people left, and finally only Mr. Khumalo remained. He did not know what he could do, but he felt reluctant to leave the man to the mercy of the night. At last the cyclist rose, and walked unsteadily alongside his bicycle, which was not badly damaged. Mr. Khumalo walked with him, as they were both going the same way.

For about five minutes the cyclist managed to keep going, and then with a slight moan he fell sideways against his cycle. Mr. Khumalo caught him, and said, "You had better

wait here for a while."

"No," the cyclist groaned, "I must go on. My sick mother is expecting me."

"Sit on the cycle, then, and I will push you," said Mr. Khumalo.

"I live a long way from here."

"I will take you home."

And so Mr. Khumalo pushed the cycle while the man leaned against his shoulder. It was a long way, into a part that Mr. Khumalo did

IDEALS OF IKHWEZI

Our friend "S.N." has sent us the words that follow on what Ik-hwezi can mean. At this time of goodwill we thank "S.N." for his pleasant gesture - and we shall indeed strive to remember the meaning of his words.

*

Ideals and not idealism.

Key to kindness and kindred aims.

Honorarium derived from honest and harmonious effort.

Warranty of willingness to work for the public weal.

Emblem and envoy of good fellowship.

Zeal and zest for friendly co-operation.

Integrity of intention.

S.N.

not know. He grew terribly weary, but the man had fainted, lying against him, and Mr. Khumalo thought only of getting him home to his ailing mother. Up and up they went, and the going was slow, and it became pitch dark.

At times the cyclist revived himself, and gave directions, but the way seemed never-ending, and Mr. Khumalo felt sorry that he had ever volunteered to see the man home.

At last, when the hour was late, they came to a little cottage. A woman who hobbled on a stick was at the front door. "Ah, glory be!" she cried. "I thought you were never coming back."

"I am back," said the cyclist, "thanks to this man, who has pushed me all the way." The woman did not say more, but helped Mr. Khumalo to lay the man on a bed. After she had tended his wounds, she gave Mr. Khumalo food, and watched while he ate. When he had finished, he said he would have to leave quickly, for his wife would be very anxious. The old woman knelt on the floor and kissed his hand, and with her blessing, Mr. Khumalo left the cottage.

He stumbled down the path and once he looked back. Strange, he thought, the cottage has gone, and in its place was a glowing light.

At last Mr. Khumalo arrived home, footsore, and very tired. It was midnight - Christmas Day.

Inside his house he saw women - his neighbours. A dreadful fear caught at his heart...what had happened?

"It is nothing," said one woman. "Listen!" He listened, and he heard the cry of a newborn child. "My child! My wife!" he exclaimed, and rushed to the door of the bedroom.

His wife looked at him with tired but happy eyes. He felt terribly guilty that he should have been away at a time like this. He knelt at her side. "I am sorry," he whispered.

"Do not be sorry," she whispered back. "I know where you have

been - with the Good One, whom you helped in his time of pain. And He has sent us this boy, on Christmas Day." Mr. Khumalo looked at his newborn son, in the arms of the Nurse, and then at his smiling wife. He could say nothing, but he took the hand of his wife and kissed it, and the tears rose to his eyes. And the child gave a lusty wail, for it was a fine, strong child, born on Christmas Day.....

GOODWILL!

For those Africans whose near ones and whose homes were destroyed by the tornadoes at Albertyns-ville and Payneville in the Transvaal, Christmas will be a sad affair.

But in the general sorrow there is a ray of gladness; from all over the country, people, black and white, queued up at collecting centres to hand in clothing, blankets and other gifts. One European-owned store in Pietermaritzburg, for instance, gave 20 new dresses; and many thousands of pounds have been donated.

..."Peace on earth, and goodwill to all mankind". Goodwill there was in abundance, and in the observance of this beautiful old message of Christmas, we see a light in the darkness. It means, surely, happier thoughts for us all at Christmastide.

The Editors.



SIYAMU NURSERY SCHOOL
CHRISTMAS PARTY

November 22, 1952, was a red-letter day to the parents and tiny tots attending Siyamu Nursery School, for the Siyamu Women's Institute, greatly assisted by the Edendale Welfare Society, had arranged a Christmas Party for the children in the School. The Society was represented at the Party by our friends and well-wishers, Mrs. Allsopp, Mrs. Seymour and Mrs. Diesel, who are putting their hearts and souls into making our children happy and good.

The Siyamu Women's Institute had even provided a Christmas Tree which was gaily decorated with streamers and shimmering adornments, including candles which were lit in the evening and presented a scene never to be forgotten.

Under this Tree a table was groaning under its load of good things brought by these European friends - sweets, icecream, cakes, toys and balloons. Mrs. Kambule, in the Chair, opened the gathering by voicing Siyamu's many thanks to the Welfare Society for all it had done for Siyamu. She also thanked the Edendale and District Benevolent Society for coming to the assistance of the Siyamu Nursery School by donating a pound a month towards the cost of the cook.

Mr. Excell Msimang, the genial Social Worker, also spoke in appreciation of what the Edendale Welfare Society was doing for the community, and Mrs. Agnes Mkize and Mrs. F. A. Mkize spoke on behalf of the Siyamu Women's Institute. They did not forget the Students of the S. C. A., University of Natal, who, led by Mr. Lowe, had sacrificed their precious off-hours on Saturdays for the nursery school.

All our European visitors spoke of the wonderful work done by Miss Catherine Nogcansi, the Teacher at the Nursery School. Its present success was due in no small measure to her efforts.

In between speeches the Siyamu Choristers under the Rev. G. Buthelezi gave items which were well received. This Choir was formed just a fortnight before the party, but it did remarkably well.

The "Marvellous Girls" of Siyamu under Mrs. A. Mkize also sang, but the highlight of the party was the programme presented by the Tiny Tots; they captivated the house with their play on the Birth of Christ.

The recitations and Nursery Rhymes were done excellently and evidently enjoyed by the actors themselves, judging by the way they put everything they had into their tiny efforts. The programme was wound up by a song in praise of Mr. R. R. R. Dhloho, which was composed in his honour by the Rev. Zondi, of Greytown.

The Nursery School was crowded and when the Party was finally brought to a close many sighed with regret that so enjoyable an occasion should end at all!



To a Distributor.

We regret, Mr. Cele (Clermont), that we cannot supply you with any extra copies of the November Ikhwezi, because of the high demand for them. We shall try in the future to increase your supply of Ikhwezis, but it will not be easy to do this, because all Areas are asking for more copies.

The Editors.

* * *

To Our Correspondents.

We have received a number of letters which will appear in the next issue of Ikhwezi, as we have no space for them in the Christmas number.

The Editors.



C A R O L

The first Nowell the Angels did sing,
Was to certain poor shepherds in fields
as they lay,
In fields as they lay keeping their sheep,
On a cold winter's night that was so deep.

Nowell, Nowell, Nowell, Nowell,
Born is the King of Israel.

*

They looked up and saw a star,
Shining in the East beyond them far,
And to the Earth it gave great light,
And so it continued both day and night.

Nowell.

*

And by the light of that same star
Three Wise men came from country far,
To seek for a King was their intent,
And to follow the star wherever it went.

Nowell.

*

Then entered in those Wise men three,
Full reverently upon the knee,
And offered there, in His Presence,
Their gold and myrrh and frankincense.

Nowell.

*

Then let us all with one accord,
Sing praises to our heavenly Lord,
That hath made heaven and earth of
nought,
And with His Blood mankind hath bought.

Nowell.



J R H T A E Z J





IZWI LIKAKHISIMUSI

Okwenza uKhisimusi abeyilokho ayikhona kakusiyona kuphela imibuthano yokuzithokozisa neyamadili nokubungazana kwezihlobo nokuphana iziphopho. Konke lokhu ngokwakho kuyiziphi ezinhle zikaNkulunkulu. Kodwa uKHisimusi nguKHisimusi ngoba ngobusuku obuthile emiryekeni exizinkulungwane edlulile kwazalwa ingane ngowesifazana wesizwe esiphansi ezalelwa esitebeleni emzini wezihambi, lowomntwana wayiguqula yonke inkambo yomhlabathi nezinhliziyo zabantu bonke. Thina makholwa sikhohwa wukuthi uMntwana owazalwa eBethlehem wabeyiNdodana kaSimakade, sikhohwa wukuthi uSimakade efuna ukusindisa umhlaba wabantu abaphilayo abadelayo wathatha isimo sobuntu nakho konke okungumuntu ophilayo nobuze bakhe, walwa ububi obubhekene nomuntu ukuba alwe nabo.

Uma silivuma leliqiniso ukuzalwa kukaKristu kubayinto enkulu kakhulu kithina. Kubafundi beIkhwezi kubaletshela ithemba namandla ukwazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yazalwa emzini wabantu abaphansi abangenayo ingcebo futhi beyisizwe esahluliwe sibuswa ngababusi abanamandla. Kuloluzalo kayikho into eyenzeka-nje kungaqondiwe ukuba yenzeke, yenzeka ngokusopha kukaNkulunkulu. UKristu wayengazalwa emzini wezikhulu zaseRoma. Kodwa wazalwa esitebeleni eJudiya. Namuhla uthando lukaNkulunkulu lukuye wonke umntwana noma ezelwe ekhaya labakhulu noma labancane, impilo yothando ingaphilwa ngabangenalutho nabanotho ngoba iNdodana kaNkulunkulu yabe ingeyesigaba sabantu abaphansi bombuso waseRoma.

Sizwa sijabula ngenkathi kaKHisimusi ngoba kulapho siqondanangqo neqiniso elisobala lempilo eledlula konke esingakulethelwa yizazi nezingcweti. uMntwana waseBethlehem kavumanga neze ukunqoba abantu ngokubanika izidi ngozomhlaba nangokubethusa ngobucwazicwazi bawo nangokuba abuse umbuso wasemhlabeni. Wabeyinkosi ngempela, kodwa eyiNkosi yeQiniso: uMqhele wakhe kungumqhele wameva.

Nakithina okusemqoka ngempela ezimiseleni zethu yikuthi kasifanele sizimisele ukuthola amandla asemhlabeni nengcebo yakhona noma yobupolitiki, konke lokhu kungabakhona noma kungabikho, kodwa okukhulu wukuba sifune emiphefumulweni yethu ukuphana ngothando nokuzwelana nge-

giniso nokuba umphefumulo wethu ufumane ikhaya emhlabeni kaNkulunkulu ube yilokho owadalelwa ukuba yikhona. Uma sifuna ukwenza okunye okungesikhona lokhu noma sikwenza egameni lobuKristu, kufana nokuthi sahlulekile ukuvumela okwindingimba yezwi likaKHisimusi.

Okokugcina, izwi likaKHisimusi lithi uNkulunkulu uyasikhathalela uyabakhathalela abantu umabephila impilo ekhandlekile yobuswezi nokuntula. Uyasikhathalela izingane uma zingenwa yizifo zingathokozi, uyabakhathalela abesilisa nabesifazana uma bezikhohlwa, uyabakhathalela abesilisa uma beshiya imizi yabo ebathandayo balahle nezingane zabo, uyabakhathalela abantu uma bephila impilo eseyajiyezwa ngukudelwa nokweyiswa. Uyabazwela futhi ngenjabulo uma lonke ikhaya lithokoze libenokukhona, nomoya omuhle nenjabulo ehlambululekile, eGameni lakhe sonke masifisilane uKHisimusi wenjabulo noNyaka Omusha olungileyo.

EDGAR BROOKES.

UMOYA OMUHLE

Kulabobantu bakithi amakhaya abo nezihlobo zabo ezalimala esibhelwini sesivunguvungu sase-Albertynsville, eTransvaal naseSprings uKHisimusi uzobayinkathi ebuhlungu.

Kodwa phakathi kwobuhlungu kukhona inhlangsi yokuthokoza, kulolonke izwe leli, kusuke abantu bemibala yonke abamhlophe nabamnyama bashuqungana ezindaweni ngezindawo belethe iminikelo yabo yezevatho zezinhlobo zonke nezinye izipho. Esinye isitolo sabelungu eMgungundhlovu saphana ngezingubo zabesifazana ezinsha ezingama 20 kwanikelwa ngezinkulungwane zawompondo.

"Ukuthula emhlabeni, nomoya omuhle kubantu bonke." UMoya omuhle wabonakala ngokusobala, siyabona kulomfunziselo wezwi likaKHisimusi, inhlangsi elokoza ebumnyameni, Ithi, makubekhona kithina ezinhliziyweni zethu ngaloKHisimusi imicabango emihle.

ABAHLELI.

ISITHUNZI

Ikhwezi njengoba selikhulile-nje kade lalicela futhi lazithola izihlobo zempela ezililethela izindaba eziphuma ezindaweni zikaKhomishani, libuyise izimpendulo nemicabango yabo kodwa kalinabo abahlobo abangedlula lona olobe lapha.

Siyawabonga mazwi obuhlobo ka "S.N." nokuba imicabango yakhe ayilobe phansi ayilethe kithina. Siyabonga "S.N." sikufisela uKhisimusi. Othokozayo noNyaka omusha onomnotho okuvela kithina sonke esisondele eKhwezini, abafundi, abalobeli nabaHleli....

*

Abanye abantu noma bengabasiphi isizwe banesiphiwo esibenza bahluke kwabanye abantu esithiwa "YISITHUNZI".

Isiphiwo lesi sibenza babenogazi bathandeki baphumelele kulokho abakwenzayo babengabaholi abasemqoka. Umqondo wabo uvama njalo ukuphumelela bangeza okuningi benzela abantu uma izilokotho zabo bengafuni zibengezokuzibhekela bona kuphela okuhle.

Ziningi izinto nezingaphefumuli ezingabanesithunzi. Kusanda kufika emqondweni wami kabusha-nje ukuthi Ikhwezi selinaso isiphiwo lesi...esisemqoka salo lodwa-nje.

Okubangela lokhu kakusibona kuphela abahleli kodwa nabalobeli balo uqobo. Ziyathuthuka izindaba ezilotshwayo. Kwanda ezisola ngokwakha ziyancipha ezisola ngokudilizela phansi. Kukhona umoya wobuhlobo nowokubonga ovamayo emakhasini eKhwezi. Yinto leyo umuntu ayizwa egazini.

Kusobala ukuthi konke lokhu yikhona okwabe kuhloswe kulokothwa yiKhwezi ngabasunguli balo. Ngokwanda kwobuntu nokuzwana labo abakhonzele abanye bayozimisela ngempela ukusebenzela labo abakhonzele.

Ikhwezi lihamba ngalomqondo othokozisayo kufanele sifisele abahleli nabantu abakhe ezindaweni zeKhomishani nabafundi balo uKhisimusi Othokozayo noNyaka omuhle womnotho.

S.N.



LAPHA NALAPHEAYA

HOWICK WEST

Kuleli Ikhwezi lokugcina kulonyaka 1952 ngifisa egameni labakhi base Howick West ukuvalelisa unyaka odlulayo osishiya sinezinto eziqhubekela phambili esabe sibanga ukuthi zingamaphupho. Ngethemba ukuthi sizongena onyakeni omusha siphile kahle futhi nawo ubenokunye okuningi kwenqubela phambili uma thina sizalwa ngomoya wokusizana nokuzisiza sodwana.

Sifisela ingane yethu Ikhwezi eselinonyaka wesine nabaphathi balo unyaka omusha nothokosizayo. Sifisela izihlobo zethu ebesihlanganiswe nazo yiKhwezi konke okuhle sibambane njalo ngobuhlobo kunyaka omusha.

UKHisimusi omuhle nonyaka othokozisayo kubafowethu bezindawo zika Khomishani nakuzihlobo ze-IKhwezi.

*

IMIDLALO. Ngalamasonto adlulile kwadlalwa imidlalo eminingi yebhola. AmaUnion Jacks adlala umdlalo we five-a-side wendebe ka-Mn. Allie wabamuhle kakhulu. Kwanqoba amaBoom Rockers siyabahalalisela ngokuqnoqa kwabo kulonyaka. (Ngisola sengathi kwabangelwa wukubaphatha kuka-Captain wabo uLawrence Matthews.)

AmaUnion Jacks azihambela futhi emdlalweni wawo naba SARMCOL bakwa A no B.

Ibhola libonakala lifike ezinzeni eliphambili eHowick West namaphethelo. AmaThimu ethu eza nezinqwaba zezindebe okwamanje enye yezindebe zethu idlalwe ngamaclub onke eHowick nezogodizalo zebhola. Kayikho indebe kulezi eseyitholwe ngamaclub alapha kodwa sisenalo ithuba. Iyothi ingaphela imidlalo ngithumele abawinile.

*

SIYABABONGELA. Sabungazana ngentokozo ntambama ngoNovember 3 mhla kugujwa umkhosi wokuphela kwonyaka wokuqala kaColin Siphos inkosana kaMn. noNkk. B. Madikwa umhloli wethu wempilo. Okumhlophe, Siphos!

*

Sathokoza futhi sibuthene ukubungaza uMatilda ngonyaka wakhesesine ezelwe oyindodakazi ka-Mn. noNkk. Khoza baseQuail. Okumhlophe, Matilda.

*

ABANGASEKHO. Sikhalela umuzi wakwa Mn. Pautcham, Lot 9, Dale, ngokufa ebeletha kuka Nkosikazi Pautcham. Sethembe ukuthi ingane iyosinda. Sizwelana futhi nalaba :

Sibusiso Ndlovu	owasweleka ngo	Nov. 6.
Flomena Nzimande		Oct. 3.
John Mokwena		Oct. 23.
A. Mapumulo		Oct. 13.
Shamwathie Dawlath,	Lot 32, Dale,	Nov. 8.

*

Isikole neHolo lokubungazana. UMn. T. Reddy uyaqhubeka nesikole sakhe neHolo kwaLot 5, Dale. Ngenkathi yezinyanga eziyingcosana iyoba seyikhona iHolo yezihlobo zonke zokubungazana kulendawo. Qhubeka Mn. Reddy.

*

OKWENQUBELA-PHAMBILI. Njengoba sasho uMn. E. F. Amod uzimisele ukuthuthukisa izakhiwo kulendawo. Indawana yakhe yaseLot 17, Quail, iyakhula yakhiwa kahle nguMakhi uMn. Fadella.

P. MPUNGOSE.

(Sikufisela uKhisimusi omuhle Mn. Mpungose noMkakho nendodakazi. AbaseHowick West kufanele bakubonge ngokubabeka njalo obala ngamaxoxa abo kulona IKhwezi nalo liyakubonga. - ABAHLELI.)

CLERMONT

UMVALELISO WAMALADS AND LASSES.

Umbungazwano wetiye wenzelwa uNkosazana Gladys Mabaso wenziwa emzini kaMn, noNkk. Mdhlozini ngo October 28 usungulwe ngama Clermont Lads and Lasses Choir ukuvalelisa uNkosazana Mabaso oyilungu lekwaya njengoba ephumelele ukwamukelwa ezibhedlela sakwaKhangela ukuyofundela ubuNesi.

Abakhuluma bambonga uNkosazana Mabaso ngokusekela amaLads and Lasses banfisela okuhle lapho eya khona emsebenzini olikhuni

wobuNesi. Bathi uma efuna ukuhumelela kuyosweleka abenesineke, nokubekezela nokuzimisela.

Kwababekhona yilaba : Banumzana J. Mthembu, J. S. Mazibuko, R. Qwabe, Mpanza noNkosazana Dhlamini.

*

UKUBUNGAZANA. UMn. noNkk. J. Mthembu baku Lot 1256 babegubha umkhosi wonyaka wesihlanu beshadile ngomhla kaOctober 25. Kwababekhona emzini wabo nguMn. B. J. Zungu, H. W. Mdhlozini, R. Qwabe. Kwakhulunywa kubongelwa laba ababili ukufinyelela kulelizinga. Kukhona nokwehla ngesiphundu kodwa phela kungesikhona okuphazamisisa umqondo. Sibafisela okuhle emshadweni wabo.

*

UMBIKO. Izihlobo nabamaziyo wafufi Rev. Samson Dhladhla bayodabuka ukuzwa ukuthi usweleke eneminyala engama 79. Wahamba ngokuthula akhaya lakhe eClermont ngoNovember 12 ngo November 16 samfihla emangwabeni asekhaya. Kwayiwa esontweni ePinetown esontweni laseChurch laphe inkonzo yabakhona.

IPhethwe nguMfundisi Bhengu. Owathi esekhuluma wathi uMfundisi Dhladhla wabeghuba inkonzo kaKristu yokuthi ngabagulayo abadinga umelaphi. Ngenqubo yakhe kaKristu eyisihlobo sabangakhoholwayo nabaxegayo.

UMn. D. D. Mncube wathi ukugoduka kukaMfundisi Dhladhla kuzilimazile izinhlangano ayephakathi kwazo. Kodwa noma kunjalo imisebenzi emihle yomuntu iyamlandela uyakuhlala ekhumbuleka uMfundisi Dhladhla.

Abantu emathuneni bengama 400. Kubantwana bakhe sithumela ukuzwelana nabo ngempela osizini abakulona.

Ikhonsathi yezingane eFannin Government School.

UMn. S. N. Ngcobo obambeke inhlalo yesikole lesi usitshela ukuthi babekhonsathi esikoleni ngeSonto, November 9, ihlose ukuba abazali babone okwenziwayo esikoleni ngamaGirl Guides nama Brownies. AmaGuides aseChristianenburg naseClernaville ayekhona edlala nawo abazali bakuthokozela okwenziwayo ngoba babebuthene ngezinkani.

Kukhona nabafana balapha bepkhuzwa nguMn. Lembede nama-Pinetown Duet. Siyawabonga amakhwaya lawa amabili ngomdlalo wawo.

Abasunguli nabaququzeleli balekhonsathi kwabe kungamaGuides nama Brownies ngamaholi bawo beziwa ngawothisha. Siyawubonga umoya wokubambisana kwabo.

IZWI LIKAKHISIMUSI. Isintu sonke sijiyezwe yizehlo ezinbangela kubelukhuni ukuphumelela. Kulu-la ukuba abantu bazidele benqene ukwenza izinto zaqome ukusonga izandla-nje. Kanti ukubangela ukwahluleka yingoba kuye kuyekwe izinto zihambe ngokuthanda kwazo. Yingozi enkulu leyo yokuba kuyekwe-nje kukhule kanye nokhula. Kungalungiswa.

UNyaka 1952 bewuzimumethe izigigaba lezo. Usuyaphela ngakho masizahlukanise nezinkambo ezisibuyisela emuva singene ku-1953 sinokwazi ukuthi impumelelo emhlabeni itholwa ekwazini okulungile sikwenze.

Kulezinhla zeKhwazi ngifisa ukubonga abahleli neKhomishani nesisebenza nabo nabakhi base-Clermont nabasezindaweni zika-Khomishani oMuhle nonyaka onentoko.

P. B. KHUMALO.

(Siyabonga Kumalo izindaba nezwi lakho likaKhisimusi, Nathi egameni likaKhomishani neHovisi elikhulu nabafundi siyazibuyisela kuwena izifiso ezinhle osifisela zona. - ABAHLELI.)

WASCHABNK

UKUBUNGAZANA. Igatsha leWaschbank nesifunda lenhlangano yawo Thisha bamaAfrika labe lihlangene ngo September eRuigtefontein Government School. Kuhlezi esihlalweni uMn. S. R. Dhlalangalala wase Maria Ratschitz High School. Kwaxoxwa ngokuphathelele enqubweni yomsebenzi wezikole nohlelo lwawo. OThisha babevela ezindaweni ezencikene neWaschabnk zonke.

Kukhona uDr. I. A. Limbada, B. Sc., (Wits.), waseDundee, owakhuluma emhlanganweni lowo ngesihloko esithi "Indawo kaThisha phakathi kwabantu". Kukhona no-Dr. Maseko waseNewcastle.

UMn. C. B. Khanyile wakhuluma "Ngamaphutha awothisha mayelana nemihlangano yamaGatsha". UNkosazana Ngobese (USikhwama) wakhuluma ngohlelo lwemali nesimo sayo kwabonakala ukuthi isekahle. Emuva kwezinkulumo kwakhethwa abezikhundla : Banumzana K. M. Kunene, President; S. A. Dhlamini, vice-President; C. B. Khanyile, Secretary; J. J. J. Madela, Assistant Secretary; noA.P. Dhlamini, Treasurer. AbesiGungu : Miss Ngobese no Mrs. Khambule.

Kwaqedelwa ngekhonsathi eholweni eyabigcwele iphuphuma. Abafundisayo baseTholeni babashaya ekhanda bonke abanye bedonsa amehlo nezindlebe uma sebesho ngamaphimbo abo. Abafana namantombazana baseRuigterfontein becula ngokwathokozisa abantu ikakhulu iculo elithi "Inhliziyo yani...". Belithanda bonke abantu igama lelo. Bago-duka bonke begculisiwe.

*

UMiss Chris Mcunu (Kameelkop) kade engaphilile kodwa useluleme. Njengoba kade esenesikhathi esebenza eGoli uze wabuya ekhaya ngokungaphili. Kodwa uzimisele ukuphindela eGoli masinyane.

*

Imikhuleko yethu ngalenyanga ikhalela uMn. Dhlamini (Ubabamkhulu kaButwana) waseRuigterfontein noNkk. Khwapa wase Assegaaikraal abangaphilile kahle.

ABAZELWEYO. Sibongela uMn. Freddie Latha Boodhoo ngomfana abaphiwe yena ngoNovember 11. Umn. Boodhoo usebenza kwaKhomishani.

*

ONGASEKHO. Siyadabuka ukubika ngokusweleka luka Mr. Banana Mahoa ngo November 4 no kuka Nina uNkk. Selina Mahoa ngosuku olulandelayo. Baphelezela bobabili ngama 300 abantu. Kukhona nabafowabo bakaMahoa noMn. noNkk. Paulos Ntuli noNkk. Mabande.

Umfundisi e. Zwane, noS. Masango noS. Zondi no J. Ndawo noJ. Zondi baphatha inkonzo.

*

Kulenyanga sikhulekela uNkk. Martha Mokoena waseAssegaaikraal, osenisikhathi egula. Wasuswa wayiswa eProvincial Hospital, e-

Ladysmith, kuya ekupheleni luka November. Simfisela impilo ngokushesha abuyele osaphweni lwalhe.

*

Siyathokoza ukwazisa ukuthi uNkk. Esther Mtimkulu noNkk. Martha Shabalala, abebekade begula, sebezoba ngcono.

*

Umgundi ophambili walapha elhaya uMnu. P. J. Nkosi ubhizi wenza amalungiselelo omshado wakhe. Sengathi indlela aseyikhethile ingabamhlophe.

*

Abasebenza kwezempilo lapha e-Waschbank bafisela lendawo u-Khisimusi omhlophe kanye nonyaka omusha!


THATH'UFAK' ESAKENI.

EDENDALE

U-Dokotela weMpilo obhekele lendawo ubhale wathi kwi-Ikhwezi lenyanga edlule, uSomkanda wathi mathathu amaBhilidi asaqalwa kulendawana eyivungu yaseSkoonplaas. "Lokhu," kusho uDokotela, "kakulona nempela iqiniso, ngoba awu 9 amaBhilidi amakhulu asaphela lapho okwakungamagogogo ngesikhathi esiphambili, namanye amaNe amaBhilidi amakhulu aseqaliwe ngesikhashana esincane esedlule, futhi aseziphela manje.

"Kuzobonakala, ngakho, lenqubeko yahlanganiswa yenziwa ngabanikazi behlangene bonke kulendawo, lokhu kulandela ukususwa kwezindlu zamagogo."

Njengoba eSomkanda washo ngenyanga edlule, ngempela bekuqhutshwa ngokuzwana eSkoonplaas.



UMDLALO KAKHISIMUSI WESIKOLE
SEZINGANE EZINCANE ESIYAMU

Umkhosi kaKhisimusi wezingane ezifunda esikoleni esithiwa Siyamu Nursery School wabe uyivelakancane mhla kukaNovember 22, wenziwe yinhlango yamaKhosikazi omuzi ethiwa Siyamu Women's Institute. Inhlolo kwukuthokozisa izingane ngeziphokuba abazali bathole ithuba lokuthokoza nezingane zabo babone futhi nezikufundiswayo.

Bathi ukuba bezwe lokho abaphele isikole lesi abelungu awo-Mrs. Allsopp, Mrs. Seymour noMrs. Diesel bathi nabo bazothelala kumzamo lowo ngokunikela ngeziphokuba nangamaIcecream nangokunye okuningi okuthokozisayo. AmaKhosikazi wona ayesebhekana nokuba enzele abayofika itiyeni namaKhekhe nokunye ngezimali aziqoqa wona. Enza nesihlahla sikaKhisimusi, asihlobisa ngobunikiniki obuhle ayebuthenge ngemali yawo. Isihlahla lesosafana nomlobokazi ehlobele umyeni wakhe. Sikhanya namakhandlela kwasengathi yizulu elincane.

Umkhosi lona oyivelakancane wavulwa ngumfundisi G. Buthelezi waseSt. Martin's eChurch ngomkhuleko. Usihlalo uMrs. Kambule wabonga abehlangano lena ephethe ngabelungu ethiwa Edendale Welfare Society kanye nephethwe nguMn. Excell S. Msimang ethiwa Edendale Benevolent Society ngokusiza isikole lesi. Kwanandisa ikwaya yomuzi ethiwa Siyamu Choristers eqalwe ilungiselela wona umkhosi lowo iphethwe ngumfundisi Buthelezi kodwa yashokwasengathi kade yabakhona. Kucula amaKhosikazi ehlangano kuyona kanye naye uqobo umkamfundisi, abantu abazihlanganise nomuzi kukho konke okwenzayo okuhle.

Kwacula namaMarvellous Girls kaMrs. A. Mkize izintombi zodwalezi ezisho umuntu athokoze. Kwakhuluma bona bobathathu abelungu laba bebongela inhlango bebongela nesikole bebabaza kakhulu isandla sika Miss Catherine Nogcansi sokufundisa nesineke sakhe okukhonzwa yilokhu namuhla okwenziwa yizingane. Kwakhuluma uMn. Excell S. Msimang wachachisa ngosizo lweBenevolent Society kubantu ekhombisa ukuthi uma bengajoyina bonke ingabanosizo olwedlula lolu. Kwabonga awoMrs. F. A. Mkize noMrs. A. Mkize ngamazwi amnandi.

Izingane zase ziqala inidlalo yazo. Kuthe lapho sezilinganisa ukuzalwa kwenkosi uJesu, ezinye zevathe amasaka zingabalusi, ezinye ziphethe izinhliziyi indlu yacishe yasuka uphahla ukwejabula kwabazali nezibukeli.

Zasho ngezilandelo zazo ezinhlale zezingisi nesiZulu kwoma. Bhekake nabantu laba bangamunwe wami abanye babo, kodwa uMiss wabo ubabiza ngokuthi ngabantu. Athi, "benzani manje abantu"?

Bayacelwa abazali balthe izingane eziningi ngonyaka ozayo esikoleni lesi ukuze kwandle okuhle kusona nemisebenzi emihle.

Okwafika kwadelisa kulapha izingane sezisho iziBongo zikaB. R. R. Dhlomo aziphiwa ngokaNondaba umfundisi T. A. Zondi waseGreytown savezwa eLangeni laseNatal lapho uMiss Azithatha khona. Basho "abantu" laba wezwanje ukuthi basho into emnandi kubona:

Umlomo unejubane ngokuzungeza iAfrika
UNdaba zandile zingandele yena, zandele bonkana.
INKunzi ekhonyeThekwini kuMngeni Lodi
Yaye yakhonya elangeni eliphezulu
Izizwe ziyizwile ukulila kwayo ikhonyela amaAfrika
AbaseNdiya bayikhwingca imisila UBhaqa olukhanyise isizwe ngobalukhiphe izindaba zakwaZulu sezithukusekile
UNokhonjwa ngeminwana emifushanyana
Bathi bakhomba uDhlomo kanti emithathu ikhomba bona
UNoqashela ekweneni kuze kuvele ibala
Iyahlabana lenkunzi ngoba izijwe ngumafukuzela ezalwa kwaDube beno Ngazana ezalwa kwaLuthuli
Bathi yikhona izohlaba ezinye emsundulweni
UNohlabana bemgqiba ezikoleni Bethu kuyeke lokhu kukhule nokhula
Kanti okaDhlomo ubengahlabani ngasikhali
Ubehlabana ngesithupha sakhe....

Zathi uma ziqeda lokho zathi umfundisi T. A. Zondi zisho umntu lenkondlo yaqanjwan guyena. Emuvwa kwalokho zaphiwa iziphokuba zazo kanye nokudla kwezinhlobo zonke. Nabazali nabelungu baphiwa itiyeni yinhlango yo-

muzi. Kwakuhle kwadela kwazonda umthakathi luphela yena ozonda zonke izinto ezinhle. ISiyamu nabantu baso siyakhula ngemisebenzi enedumela nekhombisa ukuzakha kwabo.



I Y.M.C.A. E EDENDALE

Ngalenyanga iY.M.C.A. igubha umkhosi kaKhisimusi wokuqala ise-Edendale.

Ngunyaka futhi ophelayo kusukela iY.M.C.A. iqala imidlalo yayo yokuqala yezikole kulendawo ngomhla kaDecember 8 nyakenye.

Phakathi nonyaka kubeyintokozo yami njengomeli weY.M.C.A. ukubona nokuxoxa nezihlobo eziningi. Kuzona ngithi ngizifisela unyaka omusha othokozayo noKhisimusi onenjabulo noma zingewona amalungu eY.M.C.A. Uma zingewona amalungu ngithi akathi efika uKhisimusi ozayo babesebeyiwona.

Ngalenyanga kangizukuthatha isikhala esikhulu ngokwenzekile kwaY.M.C.A. kodwa ngizolinga ukuhlebelala ngokuzokwenzeka.

IBHASIKOBHU. Seyizobakhona njalo ngawolwesiHlanu bokuqala enyangeni belandelana ngayinye kuqalwe ngo 7.30 kusihlwa.

CLUB NIGHT. UBusuku bamaLungu sizolinga ukuba kesizame bubekhona kusihlwa. Kuyovunyelwa amalungu amadala kudlalwe imidlalo yasendlini nokunye. Uma kuthandeka lokho siyokwenza njalo.

TABLE TENNIS. Unphebezo lona odlalelwa etafuleni kuzodlalwa umdlalo wokuqala namandiya aseThawini. Sesiphiwe itafula elake lasebenza lalondlalo liyoba nge-lamantombazana.

SOFT-BALL. Kuyothi kungaphela imidlalo yebhola siqale lona we soft-ball eholweni yethu. Siyoqala ngamalungu kuphela kodwa sethemba ukuthi siyophetha ngokudlalwa imidlalo yaseEdendale ye-League ehlobo lapho iBhola lingasadlalwa.

*

Yizoke lezi ezinye zezinto esethemba ukuziqala kulonyaka noma ngaphambi kwawo omusha. Ngifisa ukukhwabula ngokukhumbuza abafundi beIkhwezi ukuthi iY.M.C.A. ilapha ukukhonzela bona baseEdendale iyowathola amandla okusebenza iqinise uma bona uqobo abantu bejoyina kwenziwe imidlalo eyogculisa bonke.

PETER BROWN.



UMLOBELI WETHU

USister L. L. Davies olobe ngaBantu nobuNesi nguMhloli weMfundo yobuNesi phansi kukaHulumeni wesiFunda saseNatal. Wafundiswa eGrey's Hospital, Pietermaritzburg, wasuka lapho wabangu-Staff Nurse esibhedlela esikhulu sasePitoli. Wasebenza engu Sister ezibhedlela eziningi eSouth Africa, Port Elizabeth, Johannesburg General nasesiBhedlela sasemayini naseNursing Home.

Emuva kwokwazi konke lokhu wani-kwa iBursary nguHulumeni wesiFunda ukuyofundela iziqu zobuNurse esikoleni esikhulu saseGoli sawo-Dokotela wanela ukuzithola wani-kwa isikhundla sokufundisa oNesi eGrey's Hospital.

Waphetha ngokukhushulelwa esikhundleni lesi lapho ehlola nesi-kole nezibhedlela eziyi 17 zikaHulumeni wesiFunda eNatal nakwaZulu nezibhedlela ezingama shumi amaNe zabafundisi ezondliwa nguHulumeni wesiFunda. Nguyena ohlola akhe nemibuzo okuhlolwa ngayo oNesi babantu abafundela izitifike-thi zesifunda.

ABANTU NOKUNESA

Winkathi yeminyaka enyi eyikhulu umsebenzi wokufundela ubuNesi waguqulwa kakhulu engilandi ngenizano kaNurse Florence Nightingale ogama lakhe lisakhunjulwa lisahlonishwa ngawoNurse bonkana.

Ngokuxineka ngesikwenzayo lulukhuni ukuba kesicabange ngomsebenzi

lona wobuNesi ezweni lonke lakithi. Kuze kubeyiyona iminyaka esanda ukudlula babeyingcosana impela oNesi abafundisiwo babantu kucishe zonke izikhundla ezibhedlela ziphethwe ngabafundele ubuNesi engilandi naseScotland beza kuleli. Namuhla sinezinkulungwane zawo Nesi emabhukwini ethu cishe bonke bafundiswe ezibhedlela zakuleli zisekhona ezinye izinkulungwane ezisafunda ezingekaqedi.

Okunye okunangalisayo futhi wukwanda kwabesilisa nabesifazana babantu asebephasele ubuNesi ngaleminuaka engama 20 edlulile. Ngisanda ukubanenhlanhla ngezinsukwana esidlalile ukubona ubuNesi womuntu owaqala ngqa ukuba nguNesi eSouth Africa. Wangenza ngizibone ngifanele ukuthoba uma ngizwa ngemisebenzi yakhe yokwethembeka nokukhonzela abantu bakubo. Ngiyazi kwabe kungemnandi konke kuyena, ngoba siyazi ukuthi abantu adadala bakhithi babekubuka ngeso elibi ukusuka kwabesifazana babantu emasikweni nasenkambweni yakubo. Umoya lowo osekhona nanguhla, bakhona abasacabanga ukuthi ukwelapha izifo ngumsebenzi wabesilisa kuphela. Kakusibona abanyama bodwa ababehalomondo, naphesheya ukubheka iziguli kwabe kungumsebenzi wamadoda ikakhulu abapristi kusanda ukuvumeleka uruba abesifazana bawenze lomsebenzi.

Kungase kunimangalise ukuzwa ukuthi eNatal nakwaZulu uHulumeni wesiFunda uphethe izibhedlela eziyi 18 kanye nozabefundisi ezingama 50 zonke ezibheka iziguli zabantu. Zikhona nezinye eziningi zabafundisi ngabanye ezisiza kakhulu abantu. Kikhona nezi bhedlela zemisebenzi ezisiza izisebenzi zalapho njengasezimobeni nasemalahleni kukhona nezibhedlela ezizifo ezithathelwanayo eziphethwe nguHulumeni nona ngawokopeletsheni.

Zimbili izinhlobo zokufundiswa ezivulelwe abantu besilisa nabesifazana.

- (1) Imfundo eyenza ofundayo athole isitifiketi esisebenza kwabe-Khansela yobuNesi eSouth Africa. Ukuze uthole isitifikethi lesi kufanele uphase Incwadi ka 8. Bafundiswa ezibhedlela lezi :

King Edward 8 Hospital, Durban.
McCord Zulu Hospital, Durban.
Benedictine Mission Hospital,
Nongoma, Zululand.
St. Aidans Mission Hospital, Durban.

St. Mary's Hospital, Kwamagwaza, Zululand.

Betania Hospital, Dundee.
Ceza Mission Hospital, Ceza, via Mahlabatini.
St. Mary's Hospital, Mariannhill.

Kuzovulwa izibhedlela ezikhulu eEdendale masinyane okuzofundelwa kusona. Kuyofundwa inkathi yeminyaka emithathu nesigamu-UHulumeni wesiFunda unanantombazana abantu angama 350 nabesilisa abangama 15 abafundela isitifiketi lesi eNatal nengcosana lanantombazana amaNdiya nesilisa.

- (2) Imfundo ekwenza uthole isitifiketi sesiFunda.

Ukuze uthole isitifiketi lesi kufanele uphase Incwadi ka 6 un-gafundela ezibhedlela lezi :

Mosvold Mission Hospital, Ingwavuma.
Bethesda Hospital, Ubombo, Zululand.
Benedictine Mission Hospital, Nongoma, Zululand.
N'Konjeni Mission Hospital, Mahlabatini, Zululand.
Umlazi Mission Hospital, P. O. Reunion, Natal.
Charles Johnson Memorial Hospital, Ngutu, Zululand.
Church of Scot and Mission Hospital, Tugela Ferry.
St. Apollinaris, Creighton.
St. Andrew's Hospital, Harding.
Christ the King Hospital, Ixopo.

Kufundwa iminyaka emine.

Ngenkathi befunda oNesi bahlala bondliwe ngesihle banikwe amanyu-nifomu bahlolwe ngesihle ngawodokotela. Babole imadlana besafunda. UNesi angeze esabe ukuthi angaphelelwa ngumsebenzi, kuyanda ukudingeka kwosizo lwabo ngangoba yibona abayingcosana kunemisebenzi ebadingayo.

Bayaziqhenya abantu ngomtholela abawenzayo okhangothini lokusiza abakubo esiFundeni lesi ngosizo lwemfundo yobuNesi.

UBunesi ngumsebenzi olettha ukugculiswa kwenhliziyo nona uNesi ebona ezwela ubuhlungu babantu abaningi zikhona izikhathi zokujabula. Bayingcosana oNesi abakhohlwa wubuhlobo ababanabo ngenkathi befundela ubuNesi.

Ubunesi kakusiwona umsebenzi wodwa, uma beshayisile bazenzela okuningi kwokuchitha isikhathi, badlale ithenisi abanye bafunde

abanye bahlabelele benze imidlalo. Kwelinye idolobha amaKHosizana ahlukhe azinikela ukuya esibhedlela kanye ngesonto ukuyofundisa abafundela ubuHesi ukunitha nokuthunga nokumisa kahle izimbali kumaVazi benze nezinye izinto eziningi ezilusizo nezithokozisayo.

Kuyathokozisakuzwa ukuthi amanye anantombazana abantu athi abufundelani ubuHesi. Omunye wathi abantu abaningi bakholwa wukuthi uma begula basuke behlasele ngababazendayo wafisake ukubakhombisa umthi ukugula kwenziwa wukungaziphathi kahle ngokuhlanzeka kwezavatho nomizimba. Omunye wathi wadabukiswa ukubona izingane elokishi lakubo zifa zingakafiki eminyakeni emibili ubudala ngenxa yokungazi kwabazali ngokuziphela uludla okufanele. Ziyacabangisa zombili izinkuluno lezi thina belungu babantu kufanele sizibuze ukuthi zenzani ukusiza abantu bantshi ezweni leli lakithi.

Nanka amazwi ayinselele ka-Raymond B. Forsdick:-

"Impilo yinto wonke umuntu ayifunayo futhi izanele zonke izizwe eziyifunayo. Umsebenzi wempilo lawunangozi nakubani nona ephi. Imikhuhlane emibi bayinaki ibala lasikhumba. Futhi ukwelapha izifo kakusibona ubukhomanisi. Ukwenza amalungiselelo okulwa nokungcola kakusikhona okungathiwa kavela eMelika noma eRashiya. Isifo sesifuba siyefana eRashiya naseMelika. Isifo esigeda imizwa siyefana eRashiya njengoba sinjalo eMelika. Izinhlupheko zabantu ziyefana noma yikuliphi idolobha. Umsebenzi wokulwa nesifo nezifo uyefana kuwo wonke umhlaba. Uma sekukhulunywa ngokuhlupheka okudalwa yizifo singathi umhlaba wonke uyefana uyinto eyodwa."

L. L. DAVIES.



UBUQOLA EASHDOWN

EMuzini waseAshdown ovamise ukuhlala ngokuzwana nokubonga izinto ezinhle amagama emigwaqo ayi 15 asanda ukwenziwa abonwa eseyizinqwaba phansi ephihliziwe. Kakho ongasho ukuthi isenzo esinjalo sinambuyiselo enjani kumenzi wase okufana nokudala uchuku uthi ulimaza omunye kanti uziveza wena ubunjalo bakho.

AbaseClermont nabaseEdendale bayisibonelo esihle ngoba khona umonakalo onjalo kawukho...ngisho nalowo ongase wenziwe ngabafane abancane nabanye abangenayo ingqondo.

Ngineqiniso lokuthi iBhodi yase Ashdown yakusola kakhulu lokho kwenza kwobuwula nokucekela phansi izinto ezinhle izolinga ukuthungatha umkhondo wezichwensi lezizibonwe.

S. NEWMARK,
ENGINEER.

IZIMISELO ZEIKHWEZI

Umfundi usithumele lemicabango mayelana elingayikhona Ikhwezi.

Ngalenkathi yoKoya omuhle sibonga umfundi wethu ngesenzo sakhe sizolinga ukukhumbula amazwi akhe.

Izimisele ezinhle yizo sihluthulelo sezinjongo ezifaneleyo nomusa.

Yisabelo esitholwa emizamweni yeqiniso nokubambisana ngokuzwana.

Yisiqinisele sokuvuma ukusebenzela inhlalakahle kaWonke.

Uphawu nesithunywa sokuzwana kwobuntu.

Ukushiseka nokulangazela uluzwana kwobuhlobo.

Ubuqotho bokuzimisela.

KUMSAKAZI

Siyaxolisa Mn. Cele (Clermont) ngoba kasikwazi ukwandisa amaphapha eKhwazi likaNovember ngoba kunging abawafunayo. Kodwa sizoling ngenkathi ezayo ukwandisa Ikhwezi lakho kodwa kuyobalukhuni lokho ngoba bonke abantu ezindaweni zeKhomishani bayalifuna Ikhwezi kakhulu. - ABAHLELI.

* * *

UMUZI WAKWAKHUMALO

Uyakhumbula ngomuzi wakwaKhumalo? UMn. Khumalo, ongumkhandi wezicathulo phakathi komuzi, nomkakhe, nabantwana. Abathathu abancane? Manje sekuyinyanga kaDecember, u Nkosikazi kaKhumalo usezobeletha umtwana wesine masinyane nje.

* *

Ngckushona kwelanga, mhla kuzokusa kube nguKhisimuzi uMn. Khumalo wasivala ngokuzidonsa ishaha lakhe. Wabarinwe kabi ngabantu abafuna umsebenzi wabo mango Khisimuzi, ngakoke wabekade esebenza ngokuzikhandla enzela ukuba awaqede ngaphambu kwa maholide.

Ukuhlwa kwasekuqonda amehlo phakathi komuzi, sekulokoza ukukhanya emafasteleni athile. Phakathi kwezisebenzi ezaseziya emakhaya, zivela emsebenzini, kwakukhona naye uMnu. Khumalo, esihudula, ehambela eceleni nomgwaqo, enzela izinto ezinjengezingola nokunye okunjengazo. Wezwa kutuma ibhasi, iza ngemuva kwakho, ngaso sona leso sikhathi kwabe kudlula ogibele ibaysikili. Ogibelo ibaysikili wabengaphambili, nayo futhi ibhasi, ikhanyise amalambu abukhali yabodla yedlula. UMnu. Khumalo wa phawula ukuthi abantu bahamba besabalele phakathi komgwaqo. Wezwa esaba...kodwake wa be engenzenjani? Kwathi akaphakamise ingalo, ngaso leso sikhathi ibhasi ya gudlukela ngaphakathi nomgwaqo ukuba ibalekele abahamba emgwaqweni...khona njalo kwezwakala umsindo wokushayisa, wabona ogibele ibaysikili esephonseke phansi eceleni kwebhasi, yona yaloku iyaphambili inganakile ngengezi esizenzile.

UMnu. Khumalo naye elangazele ukuyosiza, wayijimela esixukwini esasesizungere umuntu we bhaysikili osewile. Wayesopha ekhanda, esephaphatheke ubuso ngokwethuka. Omnye umuntu wambopha inxeba ngeduku, isixuku sema sibuzwa ukuthi kwenzenjani, kukhona yini konje esasingahle si kwenze na? Umgibeli webhaysikili wanikina ikhanda ethi uzosheshe abengcane.

Abantu bahlakazeka bemuka ngamunye njalo, ekugcineni kwaSala uMnu. Khumalo. Akazanga ukuthi angenzenjani, kodwa wezwa kungavumi ukuba anshiye yedwa ebusuku

lomuntu. Wagcina evukile umgibeli wahamba ngokudiyazela eceleni kwebhaysikili lakhe lingalimele kakhulu noko. UMnu. Khumalo wahamba naye, njengoba babehamba ndlelanye.

Umgibelibhaysikili wahamba amaminithi amahlanu, wa esebubula ewela phezu kwebhaysikili ngohlangothi. Wabese uyambamba uMnu. Khumalo, wathi kuye. "Kungcono kuthi ukulinda lapha isikhashana."

"Cha!" kumelwe ngi qhubeka, ngoba uma wami ogulayo ungilindele," kusho umgibeli webhaysikili.

"Khwela kulo ibhaysikili ngikuqhuba," kusho uMnu. Khumalo.

"Ngihlala kude nalapha."

"Ngoye ngikubeke ekhaya."

Kanjaloke uMnu. Khumalo waliquhuba ibhaysikili umnikazilo yena eloku encike kuyena ehlonbe. Impela, indlela yabande, yaye yangena endaweni uMnu. Khumalo angayazi. Waze wakhathala kakhulu, kanti nomuntu lawo wabuye waquleka, esezewancika ngaye, uMnu. Khumalo wabona ukuthi kuhle aze ayomfikisa kunina ogulayo. Benyuka bekhuphuka njalo, behamba kalukhuni, kwaze kwahlwa kwamnyama, tsu.

Umgibeli bhaysikili wayebuye athi ukuqabuka, akwazi ukukhomba indlela, kodwa kungathi abafiki lapho beyakhona, nomnu. Khumalo waze wa zisola ngokuzinikela ukuthi lomuntu woze ayombeka ekhaya.

Kwaze kwathi ekugcineni, sekusebusuku kakhulu, bafika emuzaneni. Umfazi owa ehamba exhugeza ngenduku, waqhamuka ngomnyango ongaphambili. "Awu, makuthokozwe!" kusho yena. "Besengithi awsayi kubuya futhi."

"Sengibuyile," kusho umgibeli webhaysikili, "ngiyambonga lomnumzana ongiqhuba waze wangibeka lapha." Akabange esakhuluma amazwi amaningi owesifazane lowo, wa esesiza uMnu. Khumalo ukuba amlalise lowomuntu, embedeni. Kuthe nxa esembophe amanxeba akhe, wapha kela uMnu. Khumalo ukudla, wamlinda esadla. Uthe ukuba aqede, wathi kumelwe ahambe masinyane, ngoba umkakhe uzohlaba enovalu. Isalu-

kazi lesa saguqa phansi samqabula isandla, sambusisa, wabe seham-bake kulowomzana uMnu. Khumalo.

"Wa hamba wehla ngendlela ehamb'ekhubeka, wathi-jeqe nge-muva. Wathi, ecabanga, kuyaman-galisa, umzana lowo awusekho, endaweni yawo sekukhona ihxobo elikulu lomlilo.

Waye wafinyelela ekhaya uMnu. Khumalo, sekubuhlungu izinyawo, esekhatele kabi. Kwasekuphakathi kobusuku - Ngomhla ka Khisimuzi.

Phakathi endlini yakhe wabona omakhelwane bakhe besifazane. Wafikelwa wukwesaba oku mangaliso - ngabe konje kwenzenjani?

"Akonakele lutho," kusho omunye wesifazane. "Lalela!" Walela, wezwa ukukhala kosana olusandukuzalwa. "Ngumtanami! Womkami!" Waphuthuma emnyango wekamelolo, ememeza.

Umkakhe ngokukhathala, kodwa ngamehlo athokozayo. Wazizwa enecala elikhulu lokuba ebengekho ngesikhathi esinje! Waguqa eceleni kwakhe. Wanyenyeza, ethi, "Ngiyadabuka."

Nomkakhe wanyenyeza naye wathi, "Ungadabuki", Ngiyazi ukuthi ubuyephi - nalowo Olungile omsizile esebuhlungwini. Usithumele lomfana, ngomhla ka Khisimuzi.

UMnu. Khumalo wabuka indodana yakhe esandukuzalwa, ephethe-we ngu-Nurse, wasebuka umkakhe omamathekayo. Wehluleka ukuthi angathini, wabamba isandla somkakhe wasanga, wahlengezela izinyembezi emehlweni. Umtwana naye wakhala wa luqandugandu, ngoba phela engumtwana ophile kahle, eqinile, ezelwe ngo-Khisimuzi.....





A CHRISTMAS CARD FOR A FRIEND

The Editors of Ikhwezi have pleasure in presenting a Christmas Card and a stamped envelope with every copy of this edition of Ikhwezi.

The Christmas Card will be found below : please cut it out, write your name on it, and put it inside the envelope which you will find clipped to the middle page of Ikhwezi. Do not paste the gummed flap down, but tuck it inside the envelope. Now address the envelope to a friend of yours; and when you have done this the Christmas Card will be ready for posting to anyone in the British Commonwealth.

*

A small sum of money was donated to Ikhwezi by well-wishers, and it was this money that enabled us to buy the stamps and the envelopes.

Please make sure you send off a card to a friend - it will bring him joy at this time of goodwill!

cut here

TO:-



Christmas 1952.



FROM:-

New Year 1953.

fold here

cut here

IKHADI LIKAKHISIMUSI LESIHLOBO

ABAHLELI beIkhwezi bayathokoza ukunikela ngeKhadi likaKhisimusi kanye ne valaphu enesitembu okuhambisana nalo lonke IKhwezi ngalinye lalenyanga.

IKhadi likaKhisimusi nanti ngezansi. Lisike ulikhiphe lapha, ulobe igama lakho kulona ulifake emvalaphini ozoyibona kulona. Ikhwezi. UNGayivali imvalaphu kodwa ushutheke isivalo sayo ngaphakathi kwemvalaphu. Seseke uloba ikheli lomhlobo. Uthi ungakwenza lokho iKhadi lelo likaKhisimusi selingaya noma yikubani othanda liye kuyena emazweni onke ombuso waseNgilandi.

Saphiwa imadlana thina beIkhwezi ukuba isizwe IKhwezi siyiphiwa ngabalifisela okuhle, yilemali esenze sikwazi ukuthenga izitembu nezimvalaphu.

Qiniseka ukuthumela imvalaphu leyo esihlobeni sakho....uyakuthokoza ngomoya wakho omuhle.

(Wopendula mawufuna kobona eyakho.)

Isidingelelo!

Collection Number: AD2533

Collection Name: South African Institute of Race Relations, Collection of publications, 1932-1979

PUBLISHER:

Publisher: Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa

Location: Johannesburg

©2017

LEGAL NOTICES:

Copyright Notice: All materials on the Historical Papers website are protected by South African copyright law and may not be reproduced, distributed, transmitted, displayed, or otherwise published in any format, without the prior written permission of the copyright owner.

Disclaimer and Terms of Use: Provided that you maintain all copyright and other notices contained therein, you may download material (one machine readable copy and one print copy per page) for your personal and/or educational non-commercial use only.

This collection forms part of the archive of the South African Institute of Race Relations (SAIRR), held at the Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa.